

Ukubuyekezwa koHlu lwabaphila nokuKhubazeka

Tshwane, 1 kuNhlangulana 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lukuqaphele ukuphawula komphakathi emva kokushicilelwa kohlu oluhlongozwayo lohlu lokukhubazeka okufanelekayo i-“*List of Qualifying Physical Impairment or Disability Expenditure*” (uHla lwabaphila nokuKhubazeka) ukuze umphakathi uphawule ngalo.

Ukuphawula okuningi kubukeka kuncike ekungaqondisisini kahle inhloso yokuchitshiyelwa kwaloluhla, okwabangelwa izethulo ezathunyelwa ababambiqhaza befisa ukuthi kubhekwe izinkinga ezikhona kuloluhla olukhona lwabaphila nokuKhubazeka.

Ukuze sibe nesikhathi esanele sokuxoxisana nababambiqhaza, sichaze inhloso yalezi zinguquko nokuthi baqonde ukukhathazeka okuvelile, sinqume ukuba siluhoxise uhla oluhlongozwayo lwabaphila nokuKhubazeka. Olunye uhla lwabaphila nokuKhubazeka lungase lushicilelwe uma sekuphuthulwe le nqubo.

Uhla lwabaphila nokuKhubazeka olukhona manje, olwalushicilelwe ngonyaka wezi-2020 lonyaka wentela wezi-2021 kuya phambili, luzoqhubeka lusebenze kuze kube ukuthi kukhona olungena endaweni yalo. [Le veshini iyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS.](#)

Okubhalelwe abahleli:

Uhla lwabaphila nokuKhubazeka lwethulwa ngonyaka wezi-2009 ngokuchitshiyelwa komthetho woMthetho weNtlangenisano, 1962, owawudinga ukuba uKhomishana abeke uhla lokukhubazeka okufanelekayo noma incitho yabaphila nokukhubazeka. Ukuchitshiyelwa kwenziwa ngoba kuzanywa ukucacisa nokunika isiqinisekiso kwabakwaSARS nakubakhokhintela mayelana nezindleko zokukhubazeka ezifanelekayo ezizovunyelwa ngokwentela.

Uhla lokuqala lwabaphila nokuKhubazeka lwaqala ukusebenza ngonyaka wentela wezi-2010 kuya phambili futhi lwaluncike ezidingweni zomthetho ochitshiyelwe othi incitho kumele "kubekwe ukuthi yenziwe futhi ikhokhwe umuntu ngenxa yanoma ikuphi ukuphazamiseka noma ukukhubazeka". Ngenkathi kuhlangozwa loluhla, uSARS uxhumane nezinhlangano eziningi ezimele abantu abaphila nokukhubazeka kanye nezinhlangano zongoti kulokhu, okwalandelwa isikhathi sokuthi umphakathi uphawule ngalokhu.

Uhla lwabaphila nokuKhubazeka lwalungiswa ngonyaka wentela wezi-2013 kuya phambili, emva kwalokho kwaba ngonyaka wentela wezi-2021 kuya phambili, kulandelwa inqubo efanayo yokuxhumana.

Umgomo landelwa abakwaSARS bekulokhu kungukuhlonza lezo zindleko eziba ngaphezulu ezithwalwa abantu abaphila nokukhubazeka, okungaba ukuthi

ngaphandle kokungena kulezo zindleko lowo muntu angeke akwazi ukwenza imisebenzi ejwayelekile empilweni yakhe usuku nosuku.

Mayelana nezimali zesikole, izindleko ezifanelekayo izona eziwumehluko phakathi kwezimali ezikhokhwa esikoleni esizimele salabo abanezidingo ezikhethekile kanye nalezo zikole ezizimele ezikhokhayo, noma umehluko phakathi kwezimali ezikhokhwa ezikoleni zikahulumeni zalabo abanezidingo ezikhethekile nalezo ezingaphansi kukahulumeni ezikhokhayo.